health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Dkt. SM Dhlomo
uNgqongqoshe weZempilo

UMHLAHLANDLELA WEZINSIZA ZOKWELASHWA IN KWAZULU-NATAL



SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINIKA ITHEMBA

IMIGOMO YE-BATHO PELE

Ukuxhumana

Ukubuza amakhasimende ukuthi afunani nokuthola ukuthi singahlangabezana kanjani nezidingo zawo

---

Iqophelo lomsebenzi

Uma sesazi ukuthi amakhasimende ethu afunani, singalibeka iqophelo esizohlinzeka ngalo imisebenzi yethu

---

Ukufinyelela

Lokhu kusebenza ekutheni siqinisekise ukuthi abantu ababengazitholanga phambilini izinsiza esizihlinzekayo bayazithola. Kuchaza futhi ukuqinisekisa ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka, abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya bayakwazi ukuzithola bazisebenzise izinsiza esizihlinzekayo

---

Inhlonipho

Ukuba nenhlonipho, nobungani nokubawusizo

Ulwazi

Kusho ukufinyelela kubona bonke abantu ukuze kuqinisekiswe ukuthi bayazi ngezinsiza esizihlinzekayo

---

Ukuvuleleka nokuba sobala

Esikwenzayo akumele kube yimfihlo noma kube yinto esizinyezayo ngayo futhi sifune ukukufihla. Sishicilela imibiko minyaka yonke, sibe nezinsuku ezivulelekile, nokunye

---

Ukulungisa okonakele

Abantu kumele bakhululeke ukusitshela uma bengagculisekile ngomsebenzi wethu. Kufanele sibhekane nezikhalo ngendlela eyamukelekile emsebenzini

---

Iqophelo lomsebenzi

Sizokwenza ngokusemandleni onke ukwenza umsebenzi oseqophelweni eliphezulu sisebenzisa zonke izinsizakusebenza esinazo. Ukunciphisa ukumosha, inkohlakalo nokukhwabanisa

---

Ukukhuthaza imiqondo emisha kanye nokuklomelisa umsebenzi oncomekayo

Ukwenza umsebenzi wethu kahle kakhulu, ukusebenza ngaphezu kwalokhu okulindelekile

---

Umthelela wokulethwa kwezidingo kumakhasimende

Ukubheka ukuthi iyini imihlomulo kwesikuhlinzekayo nokuthi sizithuthukisa kangakanani izinsiza esizihlinzekile

---

Ubuholi kanye Nenkombandlela yamasu okusebenza

Abaholi bayisibonelo. Banikeza uholo emnyangweni ukuze kube nempumelelo

Dkt. ST Mtshali
Inhloko yoMnyango weZempilo

ISENDLALELO

Le ncwajana ingumhlahlandlela owazisa abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa kanye nomphakathi jikelele ngezinsiza zokwelashwa ezihlinzekwa yizikhungo zezempilo zikahulumeni, ukuthi bangafinyelela kanjani kuzona, amaqophelo ezinsiza umphakathi angawalandela, izinqubo zokufaka izikhalo uma abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa bengathokozile ngosizo oluhlinzekiwe noma ukuziphatha kwabasebenzi, amalungelo kanye nemisebenzi yabasebenzisi bezinsiza zokwelashwa ngokunjalo namalungelo nemisebenzi yabasebenzi bezempilo.

UMnyango unxusa umphakathi kanye nabasebenzisi bezinsiza zokwelashwa ukuba baluhloniphe uhlelo lomnyango lokudluliselwa kweziguli kwezinye izikhungo zezempilo ngokuba baqale bahambele iMitholampilo kanye neziKhungo zezeMpilo Ezitholakala ezindaweni zomphakathi uma umuntu egula okungatheni.

Abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa kumele balindele ukuba baphathwe kahle futhi nangenhlonipho; bahlinzekwe ngosizo kuzo zonke izikhungo zezempilo; nokuthi bonke abasebenzi bezempilo bafake izigqebhezane ezinamagama abo ukuze babazi. Abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa kumele balindele ukuba bahlinzekwe ngolwazi mayelana nemithi ekuthiwe bayisebenzise nokuthi imininingwane yabo esemtholampilo igcinwe iyimfihlo.

Abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa futhi kumele balindele ukwelulekwa ngabaSebenzi bezeMpilo ngokuthi bangayinakekela kanjani impilo yabo nokuthi bayasizwa uma befuna ukufaka isikhalo.

Kufanele abasebenzisi bezinsiza zokwelashwa abanezikhalo bathintane neSikhulu Sezokuxhumana Nomphakathi noma iMenenja yesiKhungo sezeMpilo leso ukuze bafake izikhalo zabo futhi balindele ukuthi izikhalo zabo zizoxazululwa ngokushesha.

Uma umsebenzisi wezinsiza zokwelashwa ofake isikhalo engenelisekile ngomphumela wesikhalo sakhe, angaxhumana nehhovisi likaMxazululi Wezikhalo Ezithinta ezeMpilo.

I-Imeyili : mboneni.bhekiswayo@kznhealth.gov.za
Ucingo : 033 395 2536 / 3275
Ifeksi : 086 225 2525

Lo mhlahlandlela wezempilo unayo futhi imininingwane yokuxhumana yazo zonke izibhedlela ezingaphansi koMnyango.

IMININGWANE YOKUXHUMANA

Natalia Building, 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3201
Tel: 033 395 2111 | Fax: 033 342 0429 | Web: www.kznhealth.gov.za

IZINOMBOLO ZEZIMO EZIPHUTHUMAYO

EMRS .....: **10177**
(UYACELWA UKUBA UQAPHELE: Uma ushaya ucingo ngohleloxhumano lwaka- Vodacom, shaya ngqo u- 10177 kodwa uma kungolunye uhleloxhumano uzodlula kwi-operator okuyiyona ezodlulisela ucingo lwakho ku-10177)
KZN HEALTH OPS ROOM.. : **0800 00 51 33**
AMAPHOYISA .....: **10111**
UMXAZULULI WEZIKHALO EZITHINTA EZEMPILO.....: **033 395 2536**

AMAHHOVISI EZEMPILO ASEZIFUNDENI

Amajuba..... **034 328 7000**
eThekwini **031 240 5300**
Ilembe **032 437 3500**
Harry Gwala **039 834 8310**
Ugu **039 688 3000**
uMgungundlovu **033 897 1000**
Umkhanyakude **035 572 1327**
Umzinyathi **034 299 9100**
Uthukela **036 631 2202**
King Cetshwayo **035 787 0631**
Zululand **035 874 2302**
NOMA

Ngena ku- www.kznhealth.gov.za ukuthola eminye imininingwane yokuxhumana kubandakanya eyeZikhungo Zezempilo Ezitholakala Ezindaweni zoMphakathi kanye neMitholampilo

IZIBHEDLELA

ISIFUNDA AMAJUBA

Madadeni Hospital
Tel: (034) 328 8001
Fax: (034) 329 1595

Newcastle Hospital
Tel: (034) 328 0000
Fax: (034) 312 4392

Niemeyer Memorial Hospital
Tel: (034) 331 3011
Fax: (034) 331 3532

ISIFUNDA SASETHEKWINI

Addington Hospital
Tel: (031) 327 2000
Fax: (031) 327 2387

Charles James Hospital
Tel: (031) 905 4222
Fax: (031) 905 3413

Clairwood Hospital
Tel: (031) 451 5000
Fax: (031) 462 1993

Don Mckenzie Hospital
Tel: (031) 777 1155
Fax: (031) 777 1717

Ekuhlengeni Psychiatric Hospital
Tel: (031) 905 4775/6/7/8/9
Fax: (031) 905 3415

Fosa TB Hospital
Tel: (031) 577 1215
Fax: (031) 577 1265

Hillcrest Hospital
Tel: (031) 765 1316
Fax: (031) 765 3712

Inkosi Albert Luthuli Central Hospital
Tel: (031) 240 1000
Fax: (031) 240 1050

King Dinuzulu Hospital Complex
Tel: (031) 242 6000
Fax: (031) 209 9586

King Edward VIII Hospital
Tel: (031) 360 3015/4
Fax: (031) 206 1457

KZN Children's Hospital
Switchboard: (031) 812 1400
Patient booking: (031) 812 2012

Mahatma Gandhi Hospital
Tel: (031) 502 1719 ext 2149
Fax: (031) 502 1869

McCord Hospital
Tel: (031) 268 5700
Fax: (031) 268 5705

Osindisweni Hospital
Tel: (032) 541 9200
Fax: (032) 541 0344

Prince Mshiyeni Hospital
Tel: (031) 907 8111
Fax: (031) 907 3334/ 906 1044

R. K. Khan Hospital
Tel: (031) 459 6000
Fax: (031) 401 1247

St. Aidan's Hospital
Tel: (031) 314 2200
Fax: (031) 309 3222

Wentworth Hospital
Tel: (031) 460 5000 / 2000
Fax: (031) 468 9654

ISIFUNDA ILEMBE

Montebello Hospital
Tel: (033) 506 7000
Fax: (033) 506 0102

Stanger Hospital
Tel: (032) 437 6000
Fax: (032) 552 2767

Umphumulo Hospital
Tel: (032) 481 4100
Fax: (032) 481 4166

Untunjambili Hospital
Tel: (033) 444 1808 / 1707
Fax: (033) 444 0987 / 1170

ISIFUNDA I-HARRY GWALA

Christ The King Hospital
Tel: (039) 834 7500
Fax (086) 539 2800

E.G & Usher Memorial Hospital
Tel: (039) 797 8100
Fax: (039) 727 2564

Rietvlei Hospital
Tel: (039) 260 5000
Fax: (039) 260 0006

St. Apollinaris Hospital
Tel: (039) 833 8000
Fax: (039) 833 1062

St. Margaret's Hospital
Tel: (039) 259 9222
Fax: (039) 259 9232

Umzimkhulu Hospital
Tel: (039) 259 0310
Fax: (039 259 014

phenya ekhasini lesithathu ukuze uthole zonke izibhedlela

SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA SINIKA ITHEMBA

IZIBHEDLELA

ISIFUNDA UGU

Dunstan Farrell Hospital
Tel: (039) 699 1465
Fax: (039) 699 1477

G.J. Crookes Hospital
Tel: (039) 978 7000
Fax: (039) 978 1295

Murchison Hospital
Tel: (039) 687 7311
Fax: (039) 687 7497

Port Shepstone Hospital
Tel: (039) 688 6000
Fax: (039) 682 6678

St. Andrews Hospital
Tel: (039) 433 1955
Fax: (039) 433 2419

ISIFUNDA UMGUNGUNDLOVU

Appelsbosch Hospital
Tel: (032) 294 8000
Fax: (032) 294 0126

Doris Goodwin Hospital
Tel: (033) 398 1038
Fax: (033) 398 1050

Edendale Hospital
Tel: (033) 395 4911
Fax: (033) 395 4060

Fort Napier Hospital
Tel: (033) 260 4300
Fax: (033) 345 5730

Grey's Hospital
Tel: (033) 897 3000
Fax: (033) 345 5278

Northdale Hospital
Tel: (033) 387 9007/9009
Fax: (033) 397 9768

Richmond Hospital
Tel: (033) 212 2170
Fax: (033) 212 3450

Town Hill Hospital
Tel: (033) 341 5500
Fax: (033) 345 5720

Umgeni Hospital
Tel: (033) 330 6146
Fax: (033) 330 5564

ISIFUNDA UMKHANYAKUDE

Bethesda Hospital
Tel: (035) 595 1004
Fax: (035) 595 1973

Hlabisa Hospital
Tel: (035) 838 8600
Fax: (035) 838 1117

Manguzi Hospital
Tel: (035) 592 0150
Fax: (035) 592 0158

Mosvold Hospital
Tel: (035) 591 0122
Fax: (035) 591 0148

Mseleni Hospital
Tel: (035) 574 1004/5/6/7
Fax: (035) 574 1559

ISIFUNDA UMZINYATHI

Charles Johnson Memorial Hospital
Tel: (034) 271 6400
Fax: (034) 271 0234

Church Of Scotland Hospital
Tel: (033) 493 1000
Fax: (033) 493 1124

Dundee Hospital
Tel: (034) 212 1111
Fax: (034) 212 3245

Greytown Hospital
Tel: (033) 413 9400
Fax: (033) 413 2809

ISIFUNDA UTHUKELA

Emmaus Hospital
Tel: (036) 488 1570
Fax: (036) 488 1330/ 488 1156

Estcourt Hospital
Tel: (036) 342 7000
Fax: (036) 342 7116

Ladysmith Hospital
Tel: (036) 637 2111
Fax: (036) 637 6457

ISIFUNDA I-KING CETSHWAYO

Catherine Booth Hospital
Tel: (035) 474 8407
Fax: (035) 474 7694

Ekombe Hospital
Tel: (035) 834 8000
Fax: (035) 834 8012

Eshowe Hospital
Tel: (035) 473 4500
Fax: (035) 474 4914

KwaMagwaza Hospital
Tel: (035) 450 8200
Fax: (035) 450 2286

Lower Umfolozi War Memorial Hospital
Tel: (035) 907 7000
Fax: 086 629 2075

Mbongolwane Hospital
Tel: (035) 476 6242
Fax: (035) 476 6380

Ngwelezana Hospital
Tel: (035) 901 7000
Fax: (035) 794 1883

Nkandla Hospital
Tel: (035) 833 5000
Fax: (035) 833 0054

ISIFUNDA I-ZULULAND

Benedictine Hospital
Tel: (035) 831 7000
Fax: (035) 831 0740

Ceza Hospital
Tel: (035) 832 5000
Fax: (035) 832 0027

Itshelejuba Hospital
Tel: (034) 413 4000
Fax: (034) 413 2545

Nkonjeni Hospital
Tel: (035) 873 0013
Fax: (035) 873 0031

St. Francis Hospital
Tel: (035) 873 0203/4/5
Fax: (035) 873 0380 / 0030

Thulasizwe Hospital
Tel: (035) 832 6000
Fax: (035) 832 0061/62

Vryheid Hospital
Tel: (034) 982 2111
Fax: (034) 980 9757

YIKUPHI OKUMELE
UKULINDELE
KITHINA

Isethembiso sethu kuwena

Izimenenja Zezempilo kanye nabasebenzi bazophatha iziguli, amalungu omndeni, izivakashi ngenhlonipho futhi babasize.

OKUMELE UKULINDELE

- Bonke abasebenzi baziphatha kahle nangenhlonipho.
- Ikhona indawo lapho uthola khona usizo (i- Help Desk) noma umuntu ozokusiza.
- Kunezimpawu ezikhombisa ukuthi uya kuphi.
- Abasebenzi abakusizayo bagqoke izigqebhezana ezinamagama abo ukuze ubazi.
- Abasebenzi bezempilo bakunika imininingwane mayelana nemithi abathi yisebenzise.
- Imininingwane emayelana nempilo yakho igcinwa iyimfihlo.
- Uzokwalulekwa ngokuthi ungayinakekela kanjani impilo yakho.
- Uyalekelelwa uma ufisa ukufaka isikhalo futhi uthola impendulo ngokushesha mayelana nesikhalo sakho.

WENA UNGASISIZA KANJANI

- Wena oyisiguli noma ilungu lomphakathi, ungasiza abasebenzi bezempilo ngokuba benze kahle umsebenzi ngokuba ubahloniphe.

Sisize Ukuze Sikusize

Sisize Ukuze Sikusize ukuba sinciphise imigqa emide ezibhedlela

Sifuna ukuba iziguli ***zelashwe ngokushesha futhi ngempumelelo*** *kuwona wonke amazinga osizo lwezempilo.*

Sisize Ukuze Sikusize ngokuba ***UQALE ngokuhambela umtholampilo wangakini uma ugula okungatheni.***

Umtholampilo wakho unabahlengikazi ***abaqeqeshwe ngokusezingeni eliphezulu kanye nemithi efanele*** *ezobhekelela izidingo zakho ngokushesha nangempumelelo.*

Uma kunesidingo *uMtholampilo wakho* ***UZOKWEDLULISELA*** *esibhedlela ukuze uthole ukwelashwa okuthe thuthu.*

Luyini uHlelo lokweDluliselwa Kwesiguli

Uhlelo Lokudluliselwa Kwesiguli kungachazwa ngokuthi wuhlelo lapho umsebenzi wezempilo okwelinye izinga lohlelo lwezempilo, ohlinzeka ngohlobo oluthile lwemisebenzi, ecela khona usizo lwezinsiza ezihlinzeka olunye uhlobo losizo olwehlukile kulolu aluhlinzekayo yena ukuba kube yilo oluqhubeka nokwelapha isiguli.

Luqaliswa kanjani lolu hlelo?

Luqala ngokuba isikhungo sezempilo leso sibhalele esinye isikhungo incwadi yokwedlulisela isiguli.

Isiguli sifinyelela kanjani kuzinsiza zokwelashwa?

Isiguli kumele siqale ngokuba siye esiKhungweni sezeMpilo Esitholakala endaweni yomphakathi (umtholampilo, umtholampilo ongumahambanendlwana, isikhungo sezempilo somphakathi) ukuze sithole izinsiza zokwelashwa eziyisisekelo. Umsebenzi wezempilo wasesikhungweni esilinga ukudlulisela isiguli uzoqala ngokuba ahlole isimo sesiguli bese exhumana nomsebenzi wezempilo wakuleso sikhungo esizosemukela, bese – ke kuthathwa isinqumo sokuthi kungabe siyadluliselwa noma cha.

AMAZINGA EZIKHUNGO ZEZOKWELAPHA

IZINGA 1

Umtholampilo wendawo

Isikhungo Sezempilo Somphakathi

Isibhedlela sesiFunda Esincane

IZINGA 2

Isibhedlela sesiFunda Esikhulu

IZINGA 3

Isibhedlela Esibhekelela
Izifo Ezithile

IZINGA 4

Isibhedlela Esibhekelela
Ukucwaningwa Kwezifo Ezithile

IZINSIZA EZIHLINZEKWA EZINGENI NGALINYE LOSIZO LWEZOKWELASHWA

IZINGA 1

Isibonelo soMtholampilo wendawo

UMtholampilo wendawo

Umtholampilo wendawo yisigaba sokuqala ekuhlinzekweni ngosizo lwezokwelashwa futhi uhlinzeka ngalezi zinsiza: ukugoma, ukuhlela umndeni, ukunakekela omama ngaphambi kokubeletha (ukuxukuza), kanye nokwelashwa kwezifo ezijwayelekile, ukwelashwa kanye nokulawulwa kweSifo soFuba, ukwelulekwa mayelana neSandulelangculazi neNgculazi (HIV/AIDS), kanye nokunye.

Uma umtholampilo kungaphezu kwamandla awo, ube sewudlulisela isiguli esiKhungweni Sezempilo Somphakathi.

Isibonelo sesiKhungo sezeMpilo soMphakathi

IsiKhungo sezeMpilo soMphakathi

Isikhungo Sezempilo Somphakathi siyisigaba sesibili ekuhlinzekweni ngosizo lwezokwelashwa kodwa singasetshenziswa lapho uqala ukufuna ukwelashwa. Isikhungo Sezempilo Somphakathi sihlinzeka ngezinsiza ezifanayo nezaseMtholampilo wendawo kodwa sona-ke sisebenza amahora angama–24 maqondana nokubelethisa, usizo lwezimo eziphuthumayo kanye nokwamukela abalimele kanjalo newadi lokuhlalisa abagulayo okwesikhashana.

Isikhungo Sezempilo soMphakathi sizodlulisela isiguli esiBhedlela sesiFunda Esincane uma kunesidingo..

Isibonelo sesiBhedlela sesiFunda Esincane

IsiBhedlela sesiFunda Esikhulu

Lokhu ngukwelashwa okusezingeni lesibili. Ngokwejwayelekile lezi zibhedlela zizokwamukela abadlulisiwe futhi zihlinzeka ngosizo lobungoti kwezokulapha ezibhedlela eziningi zesiFunda Ezincane.

Uma iSibhedlela sesiFunda Esikhulu sekungaphezu kwamandla aso, sibe sesidlulisela isiguli eSibhedlela sesiFundazwe Esibhekelela izifo ezithile (i-Provincial Tertiary Hospital).

IZINGA 2

Isibonelo sesiBhedlela sesiFunda Esikhulu

IsiBhedlela sesiFunda Esikhulu

Lokhu ngukwelashwa okusezingeni lesibili. Ngokwejwayelekile lezi zibhedlela zizokwamukela abadlulisiwe futhi zihlinzeka ngosizo lobungoti kwezokulapha ezibhedlela eziningi zesiFunda Ezincane.

Uma iSibhedlela sesiFunda Esikhulu sekungaphezu kwamandla aso, sibe sesidlulisela isiguli eSibhedlela sesiFundazwe Esibhekelela izifo ezithile (i-Provincial Tertiary Hospital).

IZINGA 3

Isibonelo sesiBhedlela Esibhekelela Izifo Ezithile

IsiBhedlela Esibhekelela Izifo Ezithile

Lezi zibhedlela zizokwamukela abadlulisiwe bese zihlinzeka ngosizo oluvela kulabo abasebenza ngaphansi kongoti bezokwelapha ezibhedlela eziningi zezifunda futhi yizinga lesithathu losizo lwezempilo. Lezi zibhedlela zinongoti bezokwelapha izifo ezithile futhi zihlinzeka ngezinsiza okungaba ngukuhlinza okumayelana nemizwa, Ukulungisa uMzimba Womuntu Ngokubumba Kabusha (Plastic & reconstructive surgery),oDokotela Bezifo Zenhliziyo (Cardiology), oDokotela bezifo zezitho zangasese (Urology), Ezokuhlinzwa kwezingane, i-maxillio-facial surgery, aBagula Ngengqondo, Ezempilo Zasemsebenzini kanye nokwelashwa kwezifo eziphathelene namathambo (Orthopaedics) kanye nokunye .

Uma iSibhedlela Esibhekelela Izifo Ezithile sekungaphezu kwamadla aso, sibe sesidlulisela isiguli esibhedlela sikaZwelonke Esibhekelela Ukucwaningwa Kwezifo Ezithile (National Central Hospital).

IZINGA 4

Isibonelo sesiBhedlela Esibhekelela Ukucwaningwa Kwezifo Ezithile

IsiBhedlela Esibhekelela Ukucwaningwa Kwezifo Ezithile

Lesi yisibhedlela esihlinzeka ngosizo lokwelashwa olusezingeni lesine neliphezulu kakhulu. Lezi zibhedlela ziba namagumbi abheke ngeso lokhozi lapho abadluliselwe kuzo futhi zihlinzeka ngendawo enongoti abahlinzeka ngezinzisa zokwelapha ezahlukahlukene, abaqhamuka namasu amasha futhi nabagxile nasocwaningweni. Abantu badluliselwa kulezi zibhedlela yiziBhedlela zeziFundazwe Ezibhekelela Izifo Ezithile.

Isibhedlela Esiyisipesheli Esibhekela Isifo Esithile Kuphela

Lezi zibhedlela zizohlinzeka kuphela ngosizo lokwelashwa kweziguli ezithile. Lezi zibhedlela zibandakanya izibhedlela ezinikezela ngosizo kwabagula ngengqondo kanye nezibhedlela zeSifo soFuba, ngokunjalo nalezo zabalimele umgogodla kanye nezifo ezidlangile ezithathelanayo.

Amalungelo kanye nemisebenzi yabasebenzisi bezinsiza zokwelashwa ngokoMthetho wezi- 2009 wezeMpilo KwaZulu-Natali (uMthetho u-No. 01 wezi- 2009)

Umsebenzisi wezinsiza zokwelashwa unelungelo –

- lokuthola izinsiza zokwelashwa;
- lokubamba iqhaza ekuthathweni kwezinqumo ezithinta impilo yakhe kanye nemithi yokwelapha;
- lokufinyelela kuzinsiza zokwelashwa zomphakathi;
- lokunikezela kuqala ngemvume ngaphambi kokuba anikezwe nanoma yiluphi usizo lwezempilo, kubandakanya ukwelashwa kwezempilo akunikezelwayo, ngaphandle uma engakwazi ukunikeza imvume, esimweni esinjalo-ke sekuyosebenza izihlinzeko zesigaba 7 soMthetho Wezempilo kaZwelonke;
- lokuthola izinsiza zosizo oluphuthumayo kunoma yisiphi isikhungo sezempilo;
- lokunqaba ukwelashwa: inqobo nje uma isimo esikusona singabeki engcupheni impilo yomphakathi wonkana;
- lokugcinwa kolwazi lonke lokwelashwa kwakhe luyimfihlo, kungaba olubhaliwe, langokomlomo noma olubhalwe kukhompyutha oluphathelene nesiguli, yinoma yisiphi isimo sezokwelashwa, ukuhlonzwwa kwesifo, ukubukezela kukadokotela ngokuhamba kwesifo kanye nokuphathelene nemithi yokwelapha;
- lokuba sendaweni engenabo ubungozi empilweni yakhe; kanye
- nelokufaka isikhalo ngokumaqondana nezinsiza zezempilo ezihlinzekiwe kanye nokuba isikhalo sakhe siphenywe bese siyaxazululwa.

Kufanele umsebenzisi wezinsiza zokwelashwa

- athobele imithetho yesikhungo sezinsiza zokwelashwa esithintekayo uma ethola ukwelashwa noma esebenzisa izinsiza zezempilo;
- ahlinzeke umsebenzi wezempilo ngolwazi oluyiqiniso maqondana nesimo sakhe sezempilo futhi abambisane nabasebenzi bezempilo uma esebenzisa izinsiza zezempilo;
- aphathe abahlinzeki bezinsiza zokwelashwa ngesizotha kanye nangenhlonipho;
- asayine isitiiketi uma esekhishwa esikhungweni sezokwelashwa esithintekayo futhi
- asayine ukuthi uzibeka icala noma asayine isitifiketi sokukhishwa esikhungweni sezokwelashwa lapho enqaba ukwelashwa njengoba kuyalelwe ngumsebenzi wezempilo othintekayo.

Amalungelo kanye nemisebenzi yabasebenzi bezinsiza zokwelashwa ngokoMthetho wezeMpilo KwaZulu – Natali, wezi – 2009, (uMthetho uNo. 01 wezi- 2009)

Abasebenzi bezinsiza zokwelashwa:

- kufanele baphathwe ngesizotha kanye nangenhlonipho;
- kufanele bahlinzekwe ngendawo yokusebenza enempilo futhi ephephile;
- kumele benze konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi baqala bathole imvume yeziguli ngaphambi kokuba bazinikeze nganoma yiluphi usizo lwezempilo;
- Kumele basize iziguli ukuba ziqonde kabanzi lonke ulwazi oluphathelene nokwelashwa kwazo.
- akumele bakhishwe inyumbazane ngenxa yesimo sabo sempilo, ubuhlanga, ubulili, ukukhulelwa, isimo sezomshado, ubuzwe noma indabuko, ibala, ukuthi uthandana nobuphi ubulili, iminyaka yobudala, ukukhubazeka, inkolo, izinkolelo zangokomoya, inkolelo, isiko, ulimi kanye nokuzalwa noma-ke yinoma isiphi esinye isizathu.

Zonke izikhungo zezempilo kumele zisebenzise izindlela ezifanelekile:

- zokugqugquzela ukuphepha kanye nokuvikeleka kwabasebenzi bezempilo; kanye
- nokunciphisa ubungozi –
  - o bokulimala noma ukudala umonakalo kumuntu nasempahleni yabasebenzi bezempilo abasebenza kuleso sikhungo sezempilo; kanye
  - o nokutheleleka ngezifo kwabasebenzi bezempilo abathintekayo.

Ngabe kukhona

ukukhathazeka noma izikhalo onazo.

Uma kwenzeka uba nokukhathazeka noma izikhalo

uyacelwa ukuba ubike

eSikhulwini Sezokuxhumana Nomphakathi

noma

kuMenenja yesiBhedlela yasesiKhungweni sakho.

Uma ungenelisekile ngomphumela wesikhalo sakho, ungaxhumana nehhovisi loMxazululi Wezikhalo Ezithinta ezeMpilo, kule mininingwane yokuxhumana elandelayo:

I-Imeyili : mboneni.bhekiswayo@kznhealth.gov.za
Ucingo : 033 395 2536 / 3275
Ifeksi : 086 225 2525

health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

INHLOKO HHOVISI

Natalia Building, 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3201
Tel: 033 395 2111 | Fax: 033 342 0429 | Web: www.kznhealth.gov.za

IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

IZINOMBOLO ZEZIMO EZIPHUTHUMAYO

EMRS ..... : **10177**
KZN HEALTH OPS ROOM.. : **0800 00 51 33**
POLICE ..... : **10111**

AMAHHOVISI EZEMPILO ASEZIFUNDENI

Amajuba..... **034 328 7000**
eThekwini **031 240 5300**
Ilembe **032 437 3500**
Sisonke **039 834 8310**
Ugu **039 688 3000**
uMgungundlovu **033 897 1000**
Umkhanyakude **035 572 1327**
Umzinyathi **034 299 9100**
Uthukela **036 631 2202**
King Cetshwayo **035 787 0631**
Zululand **035 874 2302**

NOMA
vakashela ku www.kznhealth.gov.za